

Abesilisa naAbesifazane kanye nokulingana ngokwenkolo
Niyethulelwa abazalwane benhlangano yokulingana ngokwenkolo.

IBhayibheli lisifundisa ngokulingana okuphelele kowesilisa kanye nowesifazane ekudalweni nasekuhlengweni (Gen. 1:26–28, 2:23, 5: 1–2; 1 Cor. 11:11–12; Gal. 3:13, 28, 5:1).

Ibhayibheli liyafundisa ukuthi uNkulunkulu uzembule ubuyena bonke ngeZwi elibhaliwe, amandla Ezwi likaNkulunkulu (Matt. 5: 18; John. 10:35; 2 Tim. 3:16; 2 Peter 1:20–21). Siyakholelwa ukuthi umbhalo ongcwele kumele uhumushwe ngokwengqikithi yawo. Siyasibona isidingo esibalulekile sokuhlukanisa phakathi kokukhuthazeka kanye nokuhumusha. Ukukhuthazeka kuhlobene noku jula komcabango kanye nokuqina lapho ukuphatha kuyizwi likaNkulunkulu; ukuhumusha kuhlobene nezenzo zabantu lapho khona sifuna ukuqonda iqiniso elembuliwe ngokuhambelana nezwi ngaphansi kokunakekelwa uMoya Oyingcwele. Ukuba yikholwa leqiniso, aBazalwane kumele behlale bezihlola izenzo kanye nokholo lwabo ngaphansi koku khanyiselwa yizwi..

Amaqiniso ebhayibheli

Ukudalwa

1. iBhayibheli lifundisa ukuthi bobabili owesilisa nowesifazane badalwa ngomfanekiso kaNkulunkulu, benobudlelwano noNkulunkulu, futhi ndawonye bemelene nokuthola kanye nokukhulisa abantwana baphinde babuse indalo ngokuhlelwa kwayo(Gen. 1:26–28).
2. iBhayibheli lifundisa ukuthi owesifazane nowesilisa badalwa ngokulingana okuphelele. Igama ‘umsizi’(ezer) lisetshenziswa ekuchazeni owesifazane ku Genesis 2:18 lisetshenziswa kuNkulunkulu ezikhathini eziningi kwi testamente elidala. (e.g. 1 Sam. 7:12; Ps. 121:1–2). Ngokunjalo leligama alenzi ukuthi abesifazane babe nokucwaswa.
3. iBhayibheli lifundisa ukuthi ukudalwa kowesifazane esukela kowesilisa kukhombisa ubumbano kanye nokulingana kwabantu(Gen. 2:21–23). Ku Genesis 2:18, 20 igama ‘onjengaye’(kenegdo) lisho ukulingana nokwanela.
4. iBhayibheli lifundisa ukuthi owesilisa nowesifazane babekanyekanye ekuweleni esonweni: u-Adamu akahlukile kuno Eva(Gen. 3:6; Rom. 5:12–21; 1 Cor. 15:21–22).
5. iBhayibheli lifundisa ukuthi ukubusa kuka Adamu phezu kuka Eva kungumthelela wokuwa ngakho-ke kwakungeyona ingxenye yomsuka wendalo. uGenesis 3:16 kungumphumela woKuwa akusuwu umyalelo nomcabango kaNkulunkulu.

Ukuhlengwa

6. iBhayibheli lifundisa ukuthi uJesu Kristu weza ukuzosindisa owesifazane kanye nowesilisa. Ngokukholelwa kuKristu sonke siba ngabantwana baka Nkulunkulu, simunye kuKristu, siyizindlalifa ngesibusiso sensindiso ngale kobuhlanga, ngokwendawo esiphilakuyo noma ngokuhlukaniswa ngokobulili (John 1:12–13; Rom. 8:14–17; 2 Cor. 5:17; Gal. 3:26–28).

Umphakathi

7. iBhayibheli lifundisa ukuthi ngePhentekoste uMoya Oyingcwele wehlela owesilisa nowesifazane ngokufanayo. uMoya Oyingcwele uphila ngaphakathi kowesifazane nowesilisa, ngokuphatha kwakhe unikezela ngeziphopho zakhe ngale kokucwasa ngokobulili (Acts 2:1–21; 1 Cor. 12:7, 11, 14:31).
8. iBhayibheli lifundisa ukuthi bobabili owesifazane nowesilisa babizelwe ukuthi bakhulise iziphitho zabo zokomoya bazisebenzise njengabaphathi bomusa kaNkulunkulu (1 Peter 4:10–11) bobabili owesilisa nowesifazane baphiwe baphida baphathiswa inkozo kumzimba wonke kaKristu, ngaphansi kwamandla Akhe

(Acts 1:14, 18:26, 21:9; Rom. 16:1–7, 12–13, 15; Phil. 4:2–3; Col. 4:15; bheka futhi Mark 15:40–41, 16:1–7; Luke 8:1–3; John 20:17–18; qhathanisa futhi neTestamente eLidala isibonelo: Judges 4:4–14, 5:7; 2 Chron. 34:22–28; Prov 31:30–31; Micah 6:4).

9. iBhayibheli lifundisa ukuthi emnothweni we Testamente Elisha, owesifazane kanye nowesilisa bayakusebenzisa ukuprofetha, ubupristi nokusebenza kwasebukhosini(Acts 2:17–18, 21:9; 1 Cor. 11:5; 1 Peter 2:9–10; Rev. 1:6, 5:10) ngakho-ke, leyo mibhalo evela kambalwa engathi ibophezela ukuhlengwa okungcwele kowesifazane makungahumushwa ngokungakhathaleli nangokuphikisana ngokuqondwe yizwi lilonke. Kepha ukuhumushwa kwalo makubenokuqonda ubudlelwano okufundiswa yizwi selilonke (1 Cor. 11:2–16, 14:33–36; 1 Tim. 2:9–15).

10. iBhayibheli lichaza indima yobuholi njengoku hlomisa abanye emsebenzini kunokusebenzisa amandla phezukwabo (Matt. 20:25–28, 23:8; Mark 10:42–45; John 13:13–17; Gal. 5:13; 1 Peter 5:2–3).

Umndeni

11. iBhayibheli lifundisa ukuthi amadoda nabafazi ndawonye bayizindlalifa empilweni ngomusa nanokuthi bahlanganiswe ndawonye ubudlelwano abavumelene ngakho, ngokuzithoba kanye nokubambisana(1 Cor. 7:3–5; Eph. 5:21; 1 Peter 3:1–7; Gen. 21:12). Indima yendoda njenge “nhloko”(kephale) kufanelwe iqondakale njengokuzinikela ubuyena ngokothando kanye nokuzinikela kulobudlelwano besivumelwano okunokuzithoba.

12. iBhayibheli lifundisa ukuthi bonke omama nobaba kumele basebenzise ubuholi ekukhuliseni, ekuqeqesheni, ukuqondisa nase kufundiseni izingane zabo (Ex. 20:12; Lev. 19:3; Deut. 6:6–9, 21:18–21, 27:16; Prov. 1:8, 6:20; Eph. 6:1–4; Col. 3:20; 2 Tim. 1:5; bheka futhi Luke 2:51).

Ukwenziwa

Umphakathi

1. Ebandleni, kumele siziqaphele izipho zokomoya zabeisifazane nabesilisa, zikhuliswe zisetshenziswe emsebenzini kaNkulunkulu zifundiswe kuzona zonke izigaba zenkonzo: abaholi bamaqembu amancane, abaluleki, abalawuli, abalawuli mcimbi, izinceku, izinceku zesidlo seNkosi, nethimba lenhlangano,ithimba labahlengi,abafundisi,abashumayeli nezikhonzi.

Ngokwenza njalo ke, ibandla liyakuhlonipa uNkulunkulu njengomthombo wezipho zikamoya. kanjalo ibandla liyakufezekisa inhloso kaNkulunkulu yokuphatha ngaphandle kokulahlekelwa embusweni kaNkulunkulu lokho kuwumphumela wengxenywe yabazalwane bengabandakanyeki endaweni yomsebenzi

2. ebandleni,kumele kuhlonishwe obala bobabili owesilisa nowesifazane abenza umsebenzi wenkolo kanye nobuholi.

Ngokweza njalo, ibandla liyakukhombisa ubumbano nokuthula okumele kubonakaliswe emphakathini wamakholwa. ezweni elihlukaniswe ukucwasana nokubandlululana, ibandla liyaziqhelanisa nezwe noma kwabezizwe abenze abesimame bazinyeze ngokuba abesifazane. Kuzosiza ukuvimbela ukuhamba kwabesifazane ebandleni noma ukuphika ukholo lwabo lobu Kristu.

Umndeni

3. ekhaya lamaKristu, indoda nomfazi bayahluka ekukhetheni ukunelisana kwabo, izimfuno(ukufuna) nezifiso. Akekho okumele afune ukubusa ngaphezu komunye kepha omunyengamunye abeyincelebane, ngokuzithoba abone omunye engcono kunaye. Umakwenzeka kungafinyelelwa kwisinqumo mabafune isisombululo ngezindlela zokholo ekutholeni isixazululo konokuba omunye aphoqelele isinqumo sakhe komunye.

Ngokwenza kanjalo, indoda nomfazi bayokusiza ikhaya lamaKristu ukumelana nokuhlukumeza amandla ngowa kwakhe futhi kuyakuvikela ukuhlukunyezwa kuka nkosikazi nezingane ekhaya okuthi ngesinye isikhathi kwenziwa ukuhumushwa kwendoda njenge “nhloko.”

4. ekhaya lamaKristu, abashadile mabafunde ukusizana emsebenzini wokuhola ngokweziphiso abanazo, ulwazi, kanye nokubakhona, nokucabangela lowo othinteka kakhulu kulesosimo.

Ngokwenza kanjalo, abashadile bayakufunda ukuhlonipha amakhono abo. Lokhu kuvikela oshadenaye angazitholi eyisehluleki, agcine esephoqeka ukuzenzisa ukuze avikele ukungazethembi kwakhe. Umshado osungulwe ngobulingani, abashadikazi bayovikela umshado wabo ekufaneni nenqwaba yemishado esifile ngenxa yokungalingani.

5. ekhaya lamaKristu, abashadile abaphila impilo ekhombisa inkululeko abayithola kuKristu bazokwenza kanjalo ngaphandle kokuzithola benemizwa yokuzisola noma ukuzenzisa. Bakhululekile ekuhlanganyeleni emasikweni nabantu abangakholwa, bayasithokozela isivumelwano sabo sokuthembeka bekuKristu. Ngokwenza njalo-ke bayokuveza obala ukulalela kwabo iZwi, bayokuba nayisibonelo kwabanye abashadile ekufuneni inkululeko eku Kristu. Futhi bayomelana nokuqhubeka kokuphathwa ngengcindezelo kanye nokungaligani kwesinye isikhathi okuphoqwa ngaphezu kwebandla nemindeni.

Siyakholelwa ukuthi ukulingana okuvezwa kulomshicilelo kuyiqiniso eZwini.

Simi sibumbene ekukholweni ukuthi iBhayibheli, ngokuphelele kwalo, liyizwi elikhululayo elinikeza abesilisa nabesifazane indlela yokusebenzisa izipho abazinikwa nguMoya Oyingcwele ngalokho kuwuku sebenzela uNkulunkulu

Gilbert Bilezikian

W. Ward Gasque

Stanley N. Gundry

Gretchen Gaebelin Hull

Catherine Clark Kroeger

Jo Anne Lyon Roger Nicole

Endorsed by: Miriam Adeney, Astri T. Anfindsen, Timothy Paul Allen, James Alsdurf, Phyllis Alsdurf, John E. Anderson, Patricia W. Anderson, Carl E. Armerding, Myron S. Augsburg, Raymond Bakke, Sandra Bauer, James Beck, Virginia L. Beck, Elizabeth Bell, Roy D. Bell, David G. Benner, Gordon C. Bennett, Joyce R. Berggren, Char Binkley, Sandra Bostian, Mark A. Brewer, Bettie Ann Brigham, D. Stuart Briscoe, Kathleen K. Brogan, James A. Brooks, Beth E. Brown, H. Marie Brown, F. F. Bruce, Cheever C. Buckbee, David H. Burr, Donald P. Buteyn, Anthony Campolo, Linda Cannell, Daniel R. Chamberlain, Caroline L. Cherry, Jack M. Chisholm, Gerald Christmas, Rosemary Christmas, David K. Clark, Shirley Close, Bonnidell Clouse, Robert G. Clouse, David W. Clowney, Naomi C. Cole, Mark O. Coleman, Jim Conway, Sally Conway, Kaye V. Cook- Kollars, C. S. Cowles, R. Byron Crozier, Peter H. Davids, Edward R. Dayton, Paul H. De Vries, Sidney De Waal, J. Jey Deifell, Jr., John R. Dellenback, Mary Jane Dellenback, Gary W. Demarest, Dolores Dunnett, Walter Dunnett, Charlotte Dyck, James F. Engel, C. Stephen Evans, Colleen Townsend Evans, Louis Evans, Gabriel Fackre, Gordon D. Fee, John Fischer, Patrice Fischer, David B. Fletcher, Joan D. Flikkema, David A. Fraser, Nils C. Friberg, Donn M. Gaebelin, Kevin Giles, Alfred A. Glenn, Barbara R. Glenn, Arthur A. Goetze, Tita V. Gordovez, Lillian V. Grissen, H. James Groen, Vernon Grounds, Darrell L. Guder, Lee M. Haines, Robin Haines, Richard C. Halverson, Sandra Hart, Stephen A. Hayner, Jo Ellen Heil, Betty C. Henderson, Robert T. Henderson, John J. Herzog, Bartlett L. Hess, I. John Hesselink, Roberta Hestenes, Janet S. Hickman, Marvin D. Hoff, Colleen Holby, Arthur F. Holmes, Beverly Holt, Carol D. C. Howard, David Allan Hubbard, M. Gay Hubbard, Anne Huffman, John Huffman, Philip G. Hull, Sanford D. Hull, Richard G. Hutcheson, Jr., William J. Hybels, Vida S. Icenogle, Dorothy Irvin, Evelyn Jensen, Alan F. Johnson, David W. Johnson, Robert K. Johnston, Rufus Jones, Kenneth S. Kantzer, Robert D. Kettering, John F. Kilner, Herbert V. Klem, Richard C. Kroeger, Harold E. Kurtz, Pauline H. Kurtz, Bruce Larson, Michael R. Leming, William H. Leslie, Arthur H. Lewis, Walter L. Liefeld, Zondra Lindblade, Helen W. Loeb, Richard N. Longenecker, Richard F. Lovelace, Deborah Olsoe Lunde, Kenneth H. Maahs, Faith M. Martin, James R. Mason, Alice P. Mathews, Dolores E. McCabe, Terry McGonigal, David L. McKenna, Lois McKinney, William A. Meyer, Hazel M. Michelson, A. Berkeley Mickelsen, Alvera Mickelsen, Eileen F. Moffett, Samuel H. Moffett, C. Sue Moore, Edward Moore, Graham Morbey, Mary Leigh Morbey, Elizabeth Morgan, Stephen C. Mott, Richard J. Mouw, Jeana Nieporte, William M. Nieporte, Alvaro L. Nieves, Arnold T. Olson, Daisy M. Washburn Osborn, LaDonna Osborn, T. L. Osborn, Grant R. Osborne, Grace Paddon, John Paddon, Elizabeth L. Patterson, Virginia Patterson, Richard Patterson, Jr., Philip Barton Payne, Robert W. Pazmino, Janet M. Peifer, William J. Petersen, Richard V. Pierard, Paul E. Pierson, Carolyn Goodman Plampin, Cornelius Plantinga, Jr., Christiane Posselt, Quah Cheng Hock, Robert V. Rakestraw, Sara Robertson, Lianne Roembke, Lydia M. Sarandan, Alvin J. Schmidt,

Richard C. Schoenert, David M. Scholer, Jeannette F. Scholer, Robert A. Seiple, Ronald J. Sider, Lewis B. Smedes, James D. Smith III, Paul R. Smith, P. Paul Snezek, Jr., Klyne Snodgrass, Howard A. Snyder, Aida B. Spencer, William D. Spencer, Adele O. Sullivan, W. Nelson Thomson, Ruth A. Tucker, Mary Stewart Van Leeuwen, Joseph W. Viola, Virginia G. Viola, Emily Walther, George H. Walther, Patricia A. Ward, Timothy Weber, Van B. Weigel, Bruce Wilson, Earle L. Wilson, H. C. Wilson, Nicholas Wolterstorff, Linda R. Wright, Walter C. Wright, Jr., Louis H. Zbinden. (9/95)

Copyright Information

(c) 1989, Christians for Biblical Equality. Permission to reproduce the statement in its entirety can be obtained from the national office of CBE.

CHRISTIANS FOR BIBLICAL EQUALITY

122 West Franklin Avenue, Suite 218, Mpls, MN 55404-2451

Phone: (612) 872-6898 Fax: (612) 872-6891

E-mail: cbe@cbeinternational.org www.cbeinternational.org